education
MPUMALANGA PROVINCE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UHLELO LOKUFUNDA

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | IGAMA LESIKOLE: | | | |
| | IBANGA: 4 | | | |
| | ITHEMU: 4 | AMASONTO: 1-2 | IZINSUKU: | 10/10/2023-28/07/2023 |
| | ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA | | | |
| | <u>AMAKHONO</u> | | | |
| | UKULALELA NOKUKHULUMA | UKUFUNDA NOKUBUKELA | UKUBHALA NOKWETHULA | ULIMI |
| ISIKHATHI | 2 AMAHORA | 5 AMAHORA | 4 AMAHORA | 1 IHORA |
| | IMISEBENZI | | | |
| | UTHISHA | | | ABAFUNDI |
| UKULALELA NOKUKHULUMA | **UKULALELA INDABA EMFUSHANE**<br><br>**Uthisha kufanele afundise amasu okulalela kanye nezimpawu zombhalo:**<br><br>• Imisebenzi yokwethula: ukuqagela<br>• Ukulalela nokuyamanisa nempilo yakho<br>• Ukubona imininingwane ethile<br>• Ukunamathela esihlokweni<br>• Ukubona isakhiwo, isizinda nabalingiswa<br>• Ukuphendula imibuzo ehambisana nendaba ngomlomo | | | • Abafundi balalela **indaba emfushane** bese baphendula imibuzo |

| | | |
|---|---|---|
| | **KANYE**<br><br>**UKUPHINDA AXOXE INDABA -UKUZIMBANDAKANYA ENGXOXWENI YEQEMBU**<br>**Uthisha makahole abafundi engxoxweni yeqembu. Makakhumbuze abafundi ngezinyathelo ezilandelayo:**<br>• Ukushintshisana uma kukhulunywa<br>• Ukunamathela esihlokweni<br>• Ukubuza imibuzo efanele<br>• Ukugcina ingxoxo iqhubeka<br>• Ukuphendula eminye imibono ngenhlonipho nokuzwelana<br>• Ukunikeza umbiko owakhayo | • Abafundi kufanele **baphinde baxoxe indaba** |
| | | |
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUFUNDA INDABA EMFUSHANE**<br><br>**Uthisha makafundise izimpawu zombhalo namasu okufunda alandelayo:**<br>• Ukuqagela esusela esihlokweni sendaba<br>•Ukufundela ukuqondisisa<br>• Ukufunda ngokushesha athole amaphuzu asemqoka, efunda ekha phezulu ukuthola imininingwane eyesekelayo<br>• Ukuqagela<br>• Ukucabangela izincazelo zamagama nezithombe ezingajwayelekile<br>• Ukubuyekeza ukuze kuthuthukiswe ukuqonda<br>• Ukuqonda umthelela wokusebenzisa izifengqo<br>• Ukubona umthelela wokusebenzisa izithombe<br><br>• Ukubona nokuphawula ngendawo, isizinda nabalingiswa<br>• Ukunika izizathu zokunyakaza kwabalingiswa<br>• Ukuqonda ulwazimagama.<br>• Ukubona umqondo osemqoka naleyo eyesekelayo.<br>• Ukubona nokuxoxa ngokungamagugu esiqeshini.<br>• Ukuxoxa ngolwazimagama olusha esiqeshini esifundiwe.<br>• Ukusebenzisa isichazamazwi. | • Abafundi bafunda **indaba emfushane** bese baphendula imibuzo<br><br>• Abafundi bacabanga ngombhalo abazifundele wona bese baxoxa ngawo<br><br>• Abafundi bafunda kakhulu kuzwakale belandela inqubo yokufunda |

| | | |
|---|---|---|
| | **KANYE**<br>**UKUCABANGA NGOMBHALO AZIFUNDELE NGOKWAKHE**:<br>• Ukuphinda axoxe indaba noma amaphuzu awumongo ngemisho emi- 3 kuya kwemi-5<br>• Uzwakalisa imizwa yakhe ngemibhalo efundiwe<br>**MAKULANDELWE AMASU OKUFUNDA**<br>• Ukufunda kakhulu kuzwakale<br>• Ukufunda kuholwa nguthisha<br>• Ukufunda ngababili<br>• Ukuzifundela indaba emfushane<br>**Ukufundela ukuzithokozisa • Ukufunda nsukuzonke okungenani imizuzu engu-30 umbhalo oyindaba emfushane** | |
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBHALA INDABA EMFUSHANE**<br><br>**Uthisha makafundise izimpawu zombhalo ezilandelayo:**<br>• Ukusebenzisa isakhiwo esifanele<br>• Ukukhetha ulwazi oluhambisana nesihloko<br>• Ukusebenzisa isihloko nemisho eyesekelayo ukwenza izigaba zibumbane<br>• Ukuxhumanisa izigaba kusetshenziswa izihlanganiso namabinzana<br>• Ukusebenzisa ulwazimagama oluhlukahlukene<br>• Ukusebenzisa uhlelo lolimi, Upelomagama, izimpawu zokuloba ezifanele, kube nezikhala phakathi kwezigaba<br>• Ukusebenzisa isichazimazwi ukubheka upelomagama nezincazelo zamagama | 1. Abafundi **babhala indaba emfushane** belandele inqubo yokubhala<br>2. Mabazenzele isichazamazwi sabo futhi basebenzise imidwebo noma imisho |

| | | |
|---|---|---|
| | **MAKULANDELWE INQUBO YOKUBHALA**<br>• Ukulungiselela/ukubhala• Uhlaka lokuqala• Ukubukeza • Ukulungisa amaphutha<br>• Ukufunda ngenhloso yokubheka amaphutha• Ukuthula umbhalo | |
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | **<u>Ezingeni lamagama</u>**: Izandiso zendawo nesimo, izabizwana<br>**<u>Ezingeni lemisho</u>**: Inkathi, izihlanganiso<br>**<u>Incazelo yamagama</u>**: Amagama amqondofana, amqondophika<br>**<u>Ukupelwa kwamagama nezimpawu zokuloba</u>**: Osonhlamvukazi, ongqi, okhefana, ukuhlukaniswa kwamagama | • Abafundi babhala umsebenzi ngezakhiwo nolimi abafunde ngakho |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi. | | |

**Uthisha: ___________________ Signesha _____________ Usuku _______________ HOD---------------------Signesha------------------Usuku -----------------**

| |
|---|
| **SCHOOL STAMP** |

AMASONTO:3-4

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | IGAMA LESIKOLE : | | | | | | |
| | IBANGA: 4 | | | | | | |
| | ITHEMU: 4 | | AMASONTO 3-4 | | IZINSUKU: | 23/10/2023 -03/11/2023 | |
| | ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA | | | | | | |
| | AMAKHONO | | | | | | |
| | UKULALELA NOKUKHULUMA | UKUFUNDA NOKUBUKELA | | UKUBHALA NOKWETHULA | | | ULIMI |
| ISIKHATHI | 2 AMAHORA | 5 AMAHORA | | 4 AMAHORA | | | 1 IHORA |
| | IMISEBENZI | | | | | | |
| | UTHISHA | | | | ABAFUNDI | | |
| UKULALELA NOKUKHULUMA | **UKULALELA UMDLALO (OFUNDIWE/ WASEMSAKAZWENI/ WAKUMABONAKUDE)**<br>**Uthisha makafundise imisebenzi yokwethula umbhalo**<br>• Ukuqagela kususelwa esihlokweni<br>• Ukuphinda axoxe ngomdlalo alandelanisa kahle izigameko.<br>• Ukubiza abalingiswa ngendlela efanele<br>• Ukulingisa umlingiswa oyedwa noma isimo esejwayelekile<br>• Ukukhetha ulwazi olufanele<br>• Ukusebenzisa imininingwane ngendlela efanele<br>• Ukuveza imicabango nemizwa • Ukugxila esihlokweni<br>• Ukubonisa ulwazi lokwehlukahlukana kwezimo zasemphakathini | | | | • Abafundi balalela **umdlalo** baphinde baxoxe ngawo | | |

| | | |
|---|---|---|
| | | |
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUFUNDA UMDLALO (OFUNDIWE/WASEMSAKAZWENI/WAKUMABONA KUDE)**<br><br>**Uthisha uzonikeza abafundi imisebenzana yokwethula umbhalo kanye nezimpawu zombhalo:**<br><br>• Ngaphambi kokufunda - ukuqagela kususelwa esihlokweni<br>• Ukukhuluma ngabalingiswa kanye nesizinda<br>• Ukuveza imizwa eshukumiswa yisiqephu<br>• Ukukhuluma ngezimpawu zesiqephu, ikakhulu izimpawu zokukhuluma nesakhiwo<br>• Ukulingisa umdlalo noma ingxenyana yomdlalo<br>**MAKULANDELWE AMASU OKUFUNDA:**<br>• Ukufunda okuholwa nguthisha<br>• Ukufunda ngababili<br>• Ukuzifundela umdlalo<br>**UKUFUNDELA UKUZITHOKOZISA: • UKUFUNDA NSUKUZONKE OKUNGENANI IMIZUZU ENGU-30 UMBHALO ONGUMDLALO** | • Abafundi bafunda **umdlalo(ofundiwe, wasemsakazweni/wakumabonakude)** bese baphendula imibuzo |
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBHALA UMDLALO (OFUNDIWE/WASEMSAKAZWENI/WAKUMABONA KUDE)**<br>**Uthisha makafundise izimpawu zombhalo ngaphambi kokuba babhale umdlalo abaziqambele wona**<br>• Ukukhetha abalingiswa abafanele<br>• Ukuhlela ingxoxo ilandelane kahle<br>• Ukusebenzisa isakhiwo ngendlela efanele<br>• Ukusebenzisa inkulumo- ngqo ngendlela efanele<br>• Ukusebenzisa ulwazimagama oluhlukahlukene<br>• Ukusebenzisa uhlelo lolimi, upelomagama, nezimpawu zokukhuluma ezifanele<br>• Kuhlukaniswe kahle phakathi kwamagama.<br>• Ukubhala phansi amagama nezincazelo zawo kwisichazamazwi ozenzele sona | 1. Abafundi **babhala umdlalo (ofundiwe/wasemsakazweni/wakumabona kude)** belandela inqubo yokubhala<br><br>2. Abafundi kufanele babhale amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sabo |

| | | |
|---|---|---|
| | **MAKULANDELWE INQUBO YOKUBHALA**<br><br>• Ukulungiselela/ukubhala<br>• Uhlaka lokuqala<br>• Ukubukeza • Ukulungisa amaphutha • Ukufunda ngenhloso yokubheka amaphutha • Ukuthula umbhalo | |
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | **Ezingeni lamagama:** Amabizoqoqa, izabizwana, iziqu<br>**Ezingeni lemisho:** Isivumelwano senhloko inkulumo ngqo nenkulumo- mbiko<br>**Ukupelwa kwamagama nezimpawu zokuloba**: Ungqi, ukhefana, ikhololoni, ukhefana- ngqi, umbuzi | • Umsebenzi ngezakhiwo nolimi abafunde ngakho |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi. | | |

**Uthisha: ___________________ Signesha _____________ Usuku _______________ HOD---------------------Signesha------------------Usuku -----------------**

**SCHOOL STAMP**

AMASONTO: 5-6

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| | IGAMA LESIKOLE: | | | | | |
| | IBANGA: 4 | | | | | |
| | ITHEMU: 4 | | AMASONTO 5-6 | | IZINSUKU: | 06/11/2023-17/11/2023 |
| | ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA | | | | | |
| | AMAKHONO | | | | | |
| | UKULALELA NOKUKHULUMA | UKUFUNDA NOKUBUKELA | | UKUBHALA NOKWETHULA | | ULIMI |
| ISIKHATHI | 2 AMAHORA | 5 AMAHORA | | 4 AMAHORA | | 1 IHORA |
| | IMISEBENZI | | | | | |
| | UTHISHA | | | | | ABAFUNDI |
| UKULALELA NOKUKHULUMA | **UKULALELA ISIQESHANA ESITHATHWE EPHEPHANDABENI/ EPHEPHABHUKWINI**<br>**Uthisha makafundise imisebenzi yokwethula kanye nezimpawu zombhalo:**<br><br>• Imisebenzi yokwethula - ukuqagela<br>• Ukulalela imininingwane ekhethekile<br>• Ukubona umyalezo/umbiko osemqoka<br>• Ukweyamanisa nempilo yakhe<br>• Ukuxoxa ngephuzu elisemqoka namanye amaphuzu<br>• Ukusebenzisa ulwazi olusendabeni ukuphendula imibuzo<br>• Ukuxoxa ngenhlalo, ukuziphatha nokungamagugu esiko<br>• Ukuzimbandakanya engxoxweni eholwa nguthisha ekilasini<br>**KANYE**<br><br>**INKULUMO ELUNGISELELWE**:<br>Uthisha uhola abafundi ekwenzeni inkulumo elungiselelwe:<br>• Ukukhetha ulwazi olufanele<br>• Ukusebenzisa isingeniso, indikimba nesiphetho<br>• Unamathela esihlokweni<br>• Uhlela kahle imibono yakhe esebenzisa amakhono okwethula | | | | | • Abafundi balalela **isiqeshana esithathwe ephephandabeni/ephephabhukwini** bese **bazimbandakanya engxoxweni** eholwa uthisha<br><br>• Abafundi benza **inkulumo elungiselelwe** |

| | | |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| **UKUFUNDA NOKUBUKELA** | **UKUFUNDA ISIQESHANA ESITHATHWE EPHEPHANDABENI/ EPHEPHABHUKWINI**<br>**Uthisha makethule umbhalo bese ufundisa izimpawu zawo:**<br>• Ukuqagela kususelwa esihlokweni<br>• Ukusebenzisa isihloko, isihlokwana isigaba sokuqala ukuphendula imibuzo: ubani, ini. kuphi, nini, kanjani, kungani?<br>• Ukuxoxa ngezindaba ezihamba phambili<br>• Ukuxoxa ngomqondo osemqoka nemininingwane ethile<br>• Ukukhuluma ngendlela okukhethwe ngayo izithombe ezisesiqeshini.<br>• Ukuchaza amagama angajwayelekile.<br>**MAKULANDELWE AMASU OKUFUNDA**<br>• Ukuqagela, ukusebenzisa umkhondo osesiqeshini ukuthola incazelo, ukukha phezulu ukuthola umqondo<br>**KANYE**<br>**UKUPHINDA AXOXE INDABA**<br>• Ukubona amaphuzu awumongo<br>• Uzwakalisa imizwa yakhe ngemibhalo efundiwe<br>**Ukufundela ukuzithokozisa • Ukufunda nsukuzonke okungenani imizuzu engama-30.** | • Abafundi bafunda ngokuqondisisa **isiqeshana esithathwe ephephandabeni / ephephabhukwini** belandela inqubo yokufunda<br><br>• Abafundi kumele baphinde baxoxe indaba |

| | | |
|---|---|---|
| **UKUBHALA NOKWETHULA** | **UKUBHALA UMBIKO WEPHEPHANDABA OFINGQIWE**<br>**Uthisha makafundise izimpawu zombhalo:**<br>• Ukusebenzisa isihloko, isihlokwana isigaba sokuqala ukuphendula imibuzo: Ubani, ini. kuphi, nini, kanjani, kungani?<br>• Ukukhetha ulwazi olufanele • Ukusebenzisa uhlaka olufanele<br>• Ukubhala isihloko • Ukulandelanisa izigameko ngendlela efanele<br>• Ukusebenzisa ulwazimagama olufanele<br>• Ukusebenzisa uhlelo lolimi, upelomagama, nezimpawu zokukhuluma ezifanele<br>• Ukupela kahle amagama kusetshenziswa isichazimazwi<br>• Ukusebenzisa okuqukethwe okungahambelana nenhloso nezethameli<br>• Ukusebenzisa izithombe nesakhiwo ngokwenhloso yombhalo<br>**MAKULANDELWE INQUBO YOKUBHALA** | • Abafundi babhala **umbiko wephephandaba ofingqiwe** belandela inqubo yokubhala<br>• Abafundi kufanele babhale ulwazimagama oluhambisana nesihloko bese bezakhela isichazimazwi |
| **IZAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI** | **<u>Ezingeni lamagama:</u>** Iziphawulo, izenzo<br>**<u>Ezingeni lemisho:</u>** Inhloko, umenziwa, isivumelwano senhloko, inkathi yamanje<br>**<u>Ukupelwa kwamagama kanye nezimpawu zokuloba</u>**: Ungqi. ukhefana, umbuzi umbabazi, ikholoni, | • Abafundi babhala umsebenzi ngezakhiwo nolimi abafunde ngazo |
| **IZINSIZA KUFUNDA**: Izincwadi zokubhala,amaphephandaba, Imibhalo yobuciko, amaphephabhuku | | |
| **UKUSIZWA KWABAFUNDI**: Abahlangabezana nobunzima ngesikhathi senqubo yokufunda bazonikezwa amanye amathuba okulinga futhi. Bazonikezwa isikhathi esingeziwe kunabanye abafundi. | | |

**Uthisha: ___________________ Signesha _____________ Usuku _______________ HOD---------------------Signesha-----------------Usuku ----------------**

